

# Inkosi yezinyoni

Ixoixa kabusha  
uBusisiwe Pakade  
Imidwebo yenziwe  
uTamsin Hinrichsen

Kudala kakhulu, umhlaba usemusha, uNkwazi,  
ukhozi olukhulu oludla izinhlanzi, wabizela  
zonke izinyoni emhlanganweni.

“Njengoba nazi,” kusho yena,  
“uBhubesi uyinkosi  
yezilwane. Kodwa kungani  
kumele akhulumele  
nathi zinyoni? Kumele  
sizikhethelle inkosi yethu  
... futhi ngibufanele mina  
ubukhos; ngithi kumele  
kube yimi!”

Zonke izinyoni zaqala  
ukukhala kwaze  
kwezwakala iphimbo  
elilodwa ngaphezu  
kwamanye. “Nkwazi,  
ubufanele ubukhos,  
lokho kuyiqiniso  
elingephikiswe,” kusho  
isikhova esikhulu,  
uSikhova. “Kodwa amehlo  
ami amakhulu abona  
yonke into eyenzekayo.  
Lokhu kungenza  
ngihlakaniphe kakhulu –  
kanti vele empeleni inkosi  
idinga ubuhlakani!”

Izinyoni zaphinde  
zaxokozela kakhulu,  
kwaze kwakhulum  
enye yazo enguNgqithi.  
“Ngicabanga ukuthi imina  
okumele ngibe inkosi!”  
kusho yena. “Amakhosi  
kumele abe makhulu futhi  
abe namandla, kanti-ke yimi  
inyoni enkulu kunazo zonke.”



Izinyoni zaqala ukuphikisana ngokuthi ubani okumele abe yinkosi.

Khona manjalo kwezwakala izwi elinkentezayo ngaphezu kwalowo msindo, "Uxolo! Uxolo!" Kwakuyinyoni encane, uNgcede. Noma isixuku sakuhleka ukuba nesibindi kwakhe, samvumela ukuthi akhulume – kodwa ayikho neyodwa inyoni eyayikholewa ukuthi kumele ABE yinkosi!

"Ngabe yini-ke empeleni engakwenza ufanelwe ukuba inkosi?" kubuza uNkwazi, ngesikhathi seziqede ukuhleka zonke.

"Empeleni akukho lutho," kusho uNgcede, "kodwa kumele ngibe namathuba alingana nawawo wonke umuntu!"

"Kulungile," kusho uNkwazi, "ake sibe nomncintiswano!" Zonke izinyoni zawuthanda lo mqondo. Zavumelana ukuthi ngosuku lokuqala ngemva kwenyanga egcwele, uma ilanga selithinta isicongo sentaba ephakeme kakhulu, zonke zizondiza bese zibona ukuthi ubani ozondiza aye phezulu kunazo zonke. Ophumelele uzoba inkosi yazo.

Lwafika usuku olukhulu. Izinyoni zazibhekile zilinde ngesineke ngesikhathi kuphuma ilanga. Noma uNgcede omncane wayezimisele ukukhombisa ukuthi angaba inkosi, wayazi ukuthi amaphiko akhe abuthakathaka kakhulu ukuthi angandiza aye phezulu kakhulu.



Ngakho, ngaphambi nje kokuthi izinyoni zisuke, wazishutheka ngaphansi kwezimpape zamaphiko kaNkwazi. UNkwazi wayegxile ekubukeni ilanga, akezwanga lutho.



Kwathi nje uma ilanga lithinta isicongo sentaba, izinyoni zandiza zaya phezulu esibhakabhakeni. Kungekudala izinyoni eziningi zakhathala, kwase kusala inkwazi, isikhova nongcede kuphela emqhuwelwaneni.

USikhova waba owokuqala owehluleka. Ngesikhathi ebuyela emhlabeni, uNkwazi noNgqithi bandiza baya phezulu ... phezulu ... kodwa emva kwemizuzu emihlanu, ingqithi esindayo ayikwazanga ukunyukela phezulu. "A, Nkwazi," yasho kabuhlungu ngesikhathi yehlela phansi, "kuphumelele wena!"

"WEEE-WEEE-WEEE!" kukhala inkwazi izwakalisa ukunqoba, ikhipha amandla okugcina yeniyukela phezulwana. Kwathi kusenjalo yezwa izwi elinkentezayo. "Phinde phela, Nkwazi!" kukhala uNgcede, ethushuka phansi kwephiko lakhe ekhuphukela ngaphezu kwakhe. "Awukaphumeleli!" Hawu, inkwazi yabantu! Yayikhathele ngokwedlulele, futhi yayingeke isakwazi ukukhuphukela phezulu. Yadazuluka yawela emhlabeni.



Yilokho uNgcede ayekulindile! Waphuma wandiza, waqonda ehlathini. "Siduphunga ndini!" kumemeza uNkwazi, owabona uNgcede ebaleka ngesikhathi ezophumuza uSikhova, "UYE WALALA!"

USikhova wayenamahloni kangangokuthi wanquma ukuzingela ebusuku bese elala emini ukuze ezinye izinyoni zingabi nathuba lokumgcona. UNgcede yena wayendiza ehlathini ebalekela ezinye izinyoni, engami isikhathi eside hleze abanjwe. Kanti ubani owaba inkosi? Empeleni, izinyoni zazimthukuthelele kakhulu uNgcede kangangokuthi aziphindanga zakhetha inkosi!

Izinyoni zazicasuke kakhulu ngenxa yobuqili bukaNgcede. Ngesikhathi efika phansi, zaphuthuma kuye zonke zithukuthele – kodwa ngaphambi kokuba zimenze isilo sengubo, inyoni encane esheshayo yaziphonsa emgodini owawuhlala inyoka.

"Phuma!" kumemeza izinyoni, "uzothola umklomelo okufanele!" Noma zaqapha umgodi ubusuku bonke, uNgcede wahlala lapho ayehleli khona.

"Ake sishintshane ngokuqapha!" kusho uNkwazi ekuseni. USikhova wavuma ukuqapha kusukela ngesikhathi ezinye izinyoni ziylala noma ziyozingela. Walinda isikhathi eside, kodwa akazange abonakale nangokhalo uNgcede. "Amehlo ami anamandla," ezitshela yena, "Ngidinga ihlo eliodwa kuphela. Ngizovala ihlo lami lakwesokudla bese ngisebenzisa elakwesokunxele." Ngemva kwesikhathi esithile washintsha, wavula ihlo lakwesokudla wase evala elakwesokunxele. Lokhu kwaqhubeka isikhashana, waze wakhohlwa ukugcina ihlo eliodwa libhekile, wazumeka.

